

UNKK Prudence Bhengu echaza ngokuhlukumezeka kwakhe ngesikhathi kunembizo yabasebenzi basezindlini, eThekwini, izolo

# Basakhala ngabaqashi abasebenza ezindlini

PHILI MJOLI

ABASEBENZI basezindlini bathe abaqashi abayigqizi qakala imithetho elawula abasebenzi.

Abasebenzi bathe uma bekhombisa ulwazi ngamalungelo abo abaqashi babakhomba indlela, uma sebeya eMnyangweni wezabaSebenzi nakhona abalutholi usizo.

UNkk Prudence Bhengu waseMawoti uthe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule ukhishiswe okwenja emzini womqashi wakhe abesemsebenzele unyaka ngemuva kokuzama ukufonela amaphoyisa efuna ukuwabikela ukuthi ushaywe yindodana yomqashi wakhe.

Ngesikhathi bexabana uthe indodana yomqashi yamhlohloloza wathatha iselula ethi ufonela amaphoyisa. Indodana yomqashi yayithatha iselula yayilahla phansi yahlukana phakathi, yamdudula wawela phezu kwezitini, walimala.

"Ngaleso sikhathi umqashi wayengekho. Kwathi uma ngibikela umfowabo kamqashi wami owayebuka konke okwakwenzeka wathi angingamfaki kulolu daba. Kwaze kwafona umfana owayengishaya wathi kunina ngiyamshaya. Unina wafika salukhuluma udaba kwangathi luyedlula," kusho uNkk Bhengu.

Sekushaye isikhathi sokushayisa uthe indodana yomqashi yathi kunina akabheke ukuthi uNkk Bhengu akantshontshanga lutho yini.

"Ngavumela phezulu nganikeza unina isikhwama wathi pheqepheqe wathola umgexo engangingazi ukuthi ufakwe ngubani. Unina wathi asingene emotweni uzongishiya lapho ngigibela khona. Sengehla wanginika iholo lami wathi ngingaphinde ngibuye," kusho uNkk Bhengu.

UNkk Bhengu ukusho lokhu izolo ngesikhathi kunembizo yabasebenzi basezindlini ebihlelwe uMnyango wezabaSebenzi ebiseThekwini.

UNksz Bongeka Mkhize ohlanza enkulisa uthe wafonela abahloli boMnyango wezabaSebenzi ecela ukuthi bazohlola isimo abasebenza kuso nemali abayiholayo.

"Wafika umhloli wangeza kubasebenzi waphelela ehhovisi. Akaphindanga wangithinta. Angazi noma iyona ndlela okumele basebenze ngayo yini le," kusho yena.

UNgqongqoshe womnyango kuzwelonke, uNkk Mildred Oliphant, uthe akukhona okokuqala ezwa kukhalwa ngabahloli abangakhulumi nabasebenzi.

"Ngizohlela ukuthi kufike abahloli abaphuma ehhovisi elikhulu abazosebenzisana nabakulesi sifundazwe bavakashele ezindaweni okukhalwa ngazo," kusho uNgqongqoshe.

UMnuz Thembinkosi Mkhaliphi oyisikhulu somnyango uthe uma umsebenzi eshayiwe kusuke kungaselona udaba oluthinta umnyango wabo kusuke sekungolwamaphoyisa.

Kule mbizo bekukhona neMeya yeTheku uNkk Zandile Gumede ochazele abantu ukuthi uma uqashwe ngohlelo lwe-Extended Public Works Programme usuke ungaqashiwe ngokugcwele kodwa inhloso wukwehlisa izinga lobubha umuntu ebe eqeqeshwa.

ASIKHULUME
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (Isolezwe), kuTwitter (@isolezwenews) noma umqhafazo ku-45773. I-sms ibiza R1,50.